**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULA IBHULOHO ESAHLUMBE NGOLWESIHLANU MHLAKA 19 JULY 2013**

Ngibonge mphathi wohlelo;
Inkosi yaseBathenjini;
AmaKhosi aseNdlunkulu akhona;
AmaLungu esiShayamthetho;
IMeya yoMkhandlu waseNdaka uMacingwane;
Amakhansela;
Izisebenzi zemiNyango yonke ekhona;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha, ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA noZibambele;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Siqala ngokubonga nje ukuthi namhlanje sesiphinde sathola leli thuba lokuhlangana nomphakathi walapha eSahlumbe sizokuthi egameni lomNyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natali, siyahalalisa ngentuthuko eqondene nale ndawo ngaphansi kwesifunda sasoThukela.

Lo mcimbi uyingxenye yeminye emingi esiyenzayo lapha esifundazweni ehambisana nosiko lwethu njengoHulumeni ukuthi uma kwakhiwa ingqalasizinda njengomgwaqo noma ibhriji kumele siyidlulisele ngokusemthethweni emphakathini.

Kumele sibachazele abantu abathintekayo ukuthi yini esiyenzile ngemali engakanani kwasizakala abantu abangakanani abazosebenzisa leyo ngqalasizinda futhi kwasizakala abangakanani nangamathuba emisebenzi njalo njalo.

Lokhu kuhambisana nokuthi njengoHulumeni sinesibopho sokunazisa kanti nani ninelungelo lokwazi ngemininingwane yomsebenzi wentuthuko owenzeka endaweni yenu.

Phela nenqubo yentando yeningi owakhelwe phezu kwayo lo Hulumeni oholwa nguKhongolose iyakugcizelela ukuthi abantu kumele babe yingxenye yezinhlelo ezilethwa kubona, esithi i-*participatory democracy.*

Kodwa-ke okunye okubalulekile ngalo mcimbi wanamhlanje ngukuthi wenzeka ngaleli viki nangale nyanga lapho umhlaba wonke ubungaza impilo yendodana yalapha kwelengabadi, ingqalabutho nesithandwa somhlaba wonke ubaba uNelson Mandela, uTata uMadiba.

Siyazi futhi ukuthi lesi khathi sifike lapho uMadiba impilo yakhe ibuthaka kakhulu. Namanje sisathatha leli thuba ukuba sifisele ubaba wesizwe ukwelulama okusheshayo.

Kodwa futhi sithanda ukudlulisa ukubonga egameni likaHulumeni kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika abalokhu belibeke njalo emithandazweni leli qhawe ukuba lisheshe lilulame.

Esikuqaphelayo nokusinika ithemba ngezwe lethu ngukuthi yonke into ethinta uMadiba, noma ebuhlungu noma enhle, igcina ihlanganisa bonke abantu ngaphandle kokubheka ukwehlukana ngokwepolitiki, inkolo, ubuhlanga, iminyaka yobudala njalo njalo.

Ngithi lokhu kusinika ithemba ngoba kuyasikhombisa ukuthi okusempeleni njengabantu sisenawo unembeza, futhi okusempeleni akuyona into engenakwenzeka ukuthi sihlalisane ngokuthula noma ngabe asiboni ngaso linye kwezinye izinto ngenxa yezinkolelo zethu ezahlukene.

Yikona phela lokho okuyinkolelo kaMadiba aze ancamela ukuyohlala ejele ukuze abantu bahlalisane ngokuthula ezweni, angabikhona oqonela omunye ngokomnotho nangokwepolitiki.

Uma ngiqondisa lapha oThukela nje, mina ngibona isikhathi sokubungaza impilo kaTata kumele kube ngesokuba abantu balapha kebazibheke ukuthi ngabe bafanele yini ukubizwa ngamadodana namadodakazi kaMandela.

Kumele kebazibheke ukuthi ubumbano nokusebenzisana egameni lokuguqula izimpilo zabantu zibe ngcono yinto abanayo yini.

Uma kwabanye omasipala abangaphansi koThukela kusabulawa abaholi bamaqembu epolitiki ngoba kubangwa izikhundla okungaba ngezangaphakathi eqenjini noma kuhulumeni, ngabe siyalekelela yini ekufezekiseni iphupho lomuntu omdala lokubuyisana nokwakha kabusha?

Siyazi ukuthi nangesikhathi iKwaZulu-Natal isagubuzelwe udlame phakathi komnyama nomnyama, uMadiba wazifikela qathatha lapha esifundazweni ezokhuthaza kona ukuba abantu babe nokubekezelelana.

Ngike ngathi abangibhekele laba bekhomishini yokhetho ukuthi isifundazwe sethu sikuphi ngesibalo sezinketho zokuchibiyela uma uqhathanisa nezinye izifundazwe.

Yize ngize lapha besazongibhekela izibalo, kodwa ngithole ukuthi kusukela ngokhetho loHulumeni baseKhaya ngo-2011 iKwaZulu-Natal iyona ehamba phambili ngezinketho zokuchibiyela lapho amakhansela esuke edlule emhlabeni ngokubulawa.

Ngiyazi-ke ukuthi nokho lapha eNdaka noma ngabe zikhona izinselelo lapha nalaphaya, kodwa besisakubona ukuhlalisana nokwamukelana sahlukene ngezinkolelo zethu.

Sengifuna ukugcizelela nakulabo okungenzeka ukuthi banawo lo mqondo wokuba ngosikhwili phambana nobhoko, ukuthi ayikho intuthuko eyosondela endaweni uma kungekho ukuthula.

UMadiba esikhuluma ngaye namhlanje wayihlahla indlela yokuba siqonde ukuthi ukubuyisana yikona okuyosiyisa phambili njengesizwe. Sekukuthina sonke ukuba siqinisekise ukuthi lokho kuyenzeka.

Esidinga ukukubona manje ngukubambisana phakathi kohulumeni basekhaya nowesifundazwe. Akumele intuthuko ibanjezelwe ngukuthi amakhansela nabasebenzi boMasipala abathile abanako ukubambisana kahle nemiNyango kaHulumeni wesifundazwe ukuze kubhekwe ukuthi imiphakathi ingasizakala kanjani.

Uma ngibuyela ngqo ohlelweni lwanamhlanje, njengoba silapha manje sesiqale sayovula ngokomthetho ibhuloho lenu elisha ceke lapha emfuleni Uthukela.

Ngamanye amazwi sesilidlulisele ngokusemthethweni kunina njengomphakathi walapha eNdaka, ikakhulukazi eBathenjini kaNomoya, ukuba nilisebenzise.

Leli bhriji elingu-135 metre ubude siqale ukulakha ngonyaka wezimali ka-2010/2011 kanti isiyonke imali esiyifake kulona ibe ngu-R24.5 million. Lixhumanisa imigwaqo u-D1275 noP280 ezansi nomfula uThukela.

Sizwile-ke nokuthi kunezingane zesikole ezingaphezulu kuka-200 eziwela umfula nsuku zonke ziya ezikoleni iThuthukani Primary neSahlumbe High School.

Vele phela ukubaluleka kwaleli bhuloho kwagqama kakhulu ngenkathi kuvela ephephandabeni udaba lwezingane zesikole ebezisebenzisa amashubu ukuwela kulo mfula.

Sithi masiwubonge nalapho lo Hulumeni ngaphansi kobuholi bukaMsholozi othe masiphume siye ezindaweni zasemakhaya siyoqinisekisa ukuthi izingane zesikole kanye nothisha bazo bayafinyelela esikoleni ukuze kuqiniswe isiko lokufunda nokufundisa nakhona emakhaya.

Leli bhuloho lizophinda lisize ngokuthi kufinyelele kalula izithuthi zomphakathi ikakhulukazi emphakathini ohlala ngenhla nomfula. Kukhona neSahlumbe Clinic imiphakathi yakwaNomoyo, eSahlumbe naseMbango osuzofinyelela kalula kulona.

Akhona-ke futhi amanye ama-*project* aqhubekayo namanye asazoqalwa esifundeni sasoThukela sonkana, kodwa ikakhulukazi nakhona lapha eNdaka ngenhloso yako ukuthi kuguqulwe izimpilo zabantu zibe ngcono.

Kulo nyaka wezimali esikuwona ka-2013/2014 sifake imali engu-R13 million emisebenzini yokwakha imigwaqo engenela emiphakathini, esithi ama-*access road.*

Nakunina lapha eNdaka ikhona imigwaqo ezokwakhiwa okukhona kuyona u-D4429 ku-Ward 9 eNkosini yaKwaMabaso, u-L2472 ku-Ward 7 nomunye oya esikoleni i-Remington Primary ku-Ward 13 yomibili eseNkosini yaKwaNxumalo, bese kuba oya e-Burford Primary ku-Ward 14 eNkosini yaKwaKhumalo.

Nalena evele ikhona imigwaqo engenela emiphakathini yalapha oThukela sifake imali engu-R45 million yokuyilungisa, lokhu esithi i-*betterment and regravelling*. Le mali siyenyusile isuka ku-R29 million ebesiwufake ngonyaka wezimali odlule ka-2012/2013.

Lapha eNdaka ngingabala nje imigwaqo emibili emikhulu u-P281 ku-Ward 10 eNkosini yaseBathenjini no-P361 ku-Ward 1 eNkosini yaKwaSithole.

Uma ngihlanganisa yonke imisebenzi esiyenzayo kulo nyaka wezimali okuhlanganisa nalena emikhulu esithi ama-capital project, ingu-R205 million imali esiyifake lapha oThukela. Kulokhu silindele ukuba kudaleke amathuba emisebenzi angaphezulu kuka-300 kuhlanganisa noZibambele.

Kuyaziwa-ke futhi ukuthi uma kunama-*project* afana nalawa kuba namathuba emisebenzi avelayo kubantu bendawo njengoba nakuleli bhuloho esilivulayo namhlanje sazi ukuthi kukhona abasizakalile.

La mathuba esisuke sikhuluma ngawo, yebo wona angawesikhashana ngaphandle kwakaZibambele. Kodwa ayalekelela ukucija abantu ngamakhono nesipiliyoni ukuze basizakale baqasheke nakwezinye izindawo

Esiyaye sikugcizelele-ke ikakhulukazi kubaholi yilokhu kokuthi phela makungakhethwa iphela emasini uma sekukhishwa leyo misebenzi. Akekho umuntu okumele abuzwe ukuthi ukuliphi iqembu lepolitiki ukuze athole umsebenzi.

Njengoba ngike ngasho ekuqaleni, konke-ke lokhu esikuchazayo sikwenza ngoba kubalulekile phela ukuze abantu bakithi bazi ukuthi kungani njengoHulumeni sihlale sibabonga ngokusibekezelela kwabo.

Siyazi ukuthi kuningi esesikwenzile kodwa futhi kusekuningi okusamele sikwenze, yinqobo nje uma sibambisene. Nangenkathi sethula isabelo mali salo nyaka sasho ukuthi kule minyaka emine edlule sesikwazile ukwakha amabhuloho ezinyawo angu-45 nawezimoto angu-20 esifundazweni sonke.

Konke lokho kungukuzibophezela kwethu ukuthi noma ngabe ayanele imali ukuba sifinyelele kuyona yonke indawo ngesikhathi esisodwa, asibakhohliwe abantu bakithi.

Namhlanje uHulumeni ukhuluma ngezinselelo esithi ama-triple challenges, okuwukuntuleka kwemisebenzi, ububha nokungalingani kwezomnotho.

Thina lapha namhlanje sithi akukho ukuhlupheka nezinselelo esingeke sibhekane nako ngempumelelo uma siqonda kahle ukuthi kungani izingqalabutho ezinjengoMadiba zadela impilo yazo zilwela ubulungiswa kubantu bonke.

Mangiphethe ngokukhuthaza nokunxusa abantu balapha, ikakhulukazi intsha ezalwe ekuqaleni ko-1990 ukuba baphume bayokwenza ama-ID kusenesikhathi ukuze bakwazi ukusebenzisa ilungelo labo lokuvota ngonyaka ozayo.

Ngikhuluma ngokuba ne-ID okwamanje. Ngokuhamba kwesikhathi sengiyobuya ngonitshela ukuthi kubaluleke ngani ukuqinisekisa ngevoti lakho ukuthi iqembu elihola uHulumeni kulesi fundazwe liyaqhubeka nokulungisa umonakalo wakudala njengoba vele liphezu kwako.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke mphakathi waseNdaka nasoThukela ngentuthuko esesikhulume ngayo lapha. Sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

**Ngiyabonga.**